Isifundo 8

*May 13–19

UJesu Emibhalweni KaPetro

ISabatha Emini

Kuleliviki Funda:

1 Pet. 1:18, 19; Kol 1:13, 14; Isa. 53:1–12; Johane 11:25; Hub. 18:50; 2 Pet. 1:1.

Indimana Yekhanda:

“Yena owathwala izono zethu emzimbeni Wakhe emthini, ukuze thina, sesifile ezonweni zethu, siphile ekulungeni—okungemivimbo Yakhe enaphulukiswa ngayo” (1 Petro 2:24, NKJV).

NAnjengoba sesimfundile u-1 Petro, kumele kube sobala manje ukuthi ngaphandle kwengqikithi, nangale kwezinto akhuluma ngazo, uPetro wayegxile kuJesu. UJesu ugcwele kukho konke akubhalayo; ngumucu wegolide othunge yonke incwadi. Kusukela kumugqa wokuqala, lapho uPetro ethi “ungumpostoli” (“lowo othunyiwe”) kaJesu Kristu, kuze kube kwelokugcina, lapho ebhala ethi, “Ukuthula kini nonke enikuKristu Jesu” (1 Pet. 5:14, NKJV), uJesu uyindikimba engumongo. Futhi kulencwadi ukhuluma ngokufa kukaJesu engumhlatshelo wethu. Ukhuluma ngokuhlupheka okukhulu uJesu adlula kuko futhi asebenzise uJesu njengesibonelo sethu kulokho kuhlupheka. Ukhuluma ngovuko lukaJesu nokuthi lusho ukuthini kithina. Ngaphezu kwalokho, ukhuluma ngoJesu hhayi kuphela enguMesiya, u-Kristos, “ogcotshiweyo,” kepha ngoJesu enguMesiya onguNkulunkulu. Okungukuthi, sibona ku-1 Petro ubufakazi obuningi bobunkulunkulu bukaJesu. Waye nguNkulunkulu uqobo, oweza enyameni yomuntu futhi waphila futhi wafa ukuze sibe nethemba nesithembiso sokuphila okungunaphakade. Kuleliviki sizobuyela ku-1 Petro futhi sibukisise ukuthi wembulani ngoJesu.

**Funda lesisifundo ulungisele iSabatha lika-May 20.*

UJesu, Umhlatshelo Wethu

Indikimba eyengamele lonke iBhayibheli, mhlawube indikimba enkulu, ngeyomsebenzi kaNkulunkulu wokusindisa isintu esiwile. Kusukela ekuweni kuka-Adamu noEva kuGenesisi kuze kube sekuweni kweBhabheli kwiSambulo, Izibhalo ngazozonke izindlela zembula umsebenzi kaNkulunkulu wokufuna ukusindisa "lokho okulahlekileyo" (Luka 19:10). Futhi lendikimba yembuleka nasezincwadini zikaPetro.

Funda u-1 Petro 1:18, 19 no Kolose 1:13, 14. Kuchaza ukuthini ukuhlengwa, futhi igazi linani nokwenza nokuhlengwa na?

_____

_____

U-1 Petro 1:18, 19 uchaza ukubaluleka kokufa kukaJesu ngalendlela: "Nanjengoba nazi ukuthi anihlengwanga ngezinto ezigqwalayo, njengesiliva negolide, . . . kodwa ngegazi eliyigugu likaKristu, njengemvu engenasici nabala." Kunemifanekiso emibili esemqoka kulamazwi: ukuhlengwa kanye nomhlatshelo wesilwane. Ukuhlengwa kusetshenziswa eBhayibhelini ngezindlela ezahlukene. Ngokwesibonelo, izibulo lembongolo (engasetshenziswa njengomhlatshelo) kanye nendodana eyizibulo (Eksod. 34:19, 20) zazihlengwa ngomhlatshelo wewundlu elithatha indawo yazo. Imali yayingasetshenziswa ekuthengeni (ekuhlengeni) izinto ezazithengiswe ngenxa yobuphofu (Lev. 25:25,26). Okusemqoka kakhulu, isigqila sasihlengwa (Lev.25:47-49). Okokuqala uPetro utshela abafundi bencwadi ukuthi inani lokubathenga (ukubahlenga) "ezindlelni zabo eziyize abanikezwa ngoyise" (1 Pet. 1:18, RSV) "kwakuyigazi eliyigugu likaKrsitu, njengewundlu elingenasici nabala (1 Pet. 1:19). Umfanekiso wewundlu, nembala, uvusa umqondo womhlatshelo wesilwane. Ngalokho uPetro ufanisa ukufa kukaKristu nokwesilwane somhlatshelo eBhayibhelini lesiHeberu. Isoni sasiletha imvu engenasici kwindawo engcwele. Isoni bese sibeka izandla zaso pheze kwesilwane (Lev. 4:32, 33). Isilwane sibulawe, kuthi elinye igazi ligcotshwe kwialtare; kuthi elinye lichithwe phansi kwealtare (Lev. 4:34). Ukufa kwesilwane somhlatshelo kwakunikeza "ukubuyisana" kwalowo owayenikela umhlatshelo (Lev. 4:35). UPetro uthi uJesu wafa esikhundleni sethu nokuthi ukufa Kwakhe kwasihlenga ezimpilweni zethu zakudala kanye nasekufeni okwakungokwethu.

Iqiniso lokuthu ithemba lethu losindiso likhona ngenxa yokuthi kukhona owafa esikhundleni sethu lisifundisani ngokuncika kwethu ngokuphelele kuNkulunkulu na?

_____

Ukuhlupheka KukaKristu

AmaKristu avame ukukhuluma “ngokuhlupheka kukaKristu.” Igama elithi ukuhlupheka liphuma kwisenzo sesiGriki, bese kuthi isisho esithi “ukuhlupheka kukaKristu” sivama ukusetshenziswa ukuchaza lokho uJesu adlula kuko ekugcineni kwempilo Yakhe, kusukela engena ngokunqoba eJerusalema. UPetro, naye, ugxila kwindikimba yokuhlupheka kukaKristu kulezozinsuku zokugcina.

Funda u-1 Petro 2:21-25 no Isaya 53:1-12. Zisitshelani ngokuhlupheka kukaJesu esikhundleni sethu na?

Kunokubaluleka okuthile ekuhluphekeni kukaJesu. Wathwala “izono zethu emzimbeni Wakhe emthini [okukhomba isiphambano; qhathanisa neZenzo 5:30], ukuze thina, sesifile ezonweni, sikwazi ukuphilela ukulunga” (1 Pet. 2:24, NKJV). Isono siletha ukufa (Rom. 5:12). Njengezoni, sifanelwe ukufa. Kepha, uJesu ophelele—okungaphumanga bubi ezindebeni Zakhe (1 Pet. 2:22)—wafa esikundleni sethu. Kulokho kushintshana, sinecebo losindiso.

Funda uIsaya 53:1-12 futhi. Lezizindimana zithini ngalokho uJesu akuhlupheka lapho esebenza icebo losisndiso lwethu na? Lokhu kusitshelani ngoNkulunkulu na?

“USathane nezilingo zakhe ezesabekayo wasonta inhlizoyo kaJesu. UMsindisi akazange akwazi ukubona ngale kwethuna. Ithemba alizange linike ukuthi uzophuma ethuneni enqobile, noma limtshele ngokwamukeleka komhlatshelo kuYise. Wesaba ukuthi isono sasiyisinengiso kuNkulunkulu kangangokuba ukwehlukana kwabo kwakungokwaphakade. UKrsitu wabuzwa ubuhlungu isoni esiyobuzwa lapho umusa ungasancegeli isizwe esinecala. Kwakungumuzwa wesono, siletha ulaka lukaYise phezu Kwakhe njengothathe indawo yomuntu, okwenza indebe ayiphuza ibabe kakhulu, futhi yephule inhliziyo yeNdodana kaNkulunkulu.”—Ellen G. White, *The Desire of Ages*, p. 753.

Kumele siphendule kanjani kulokho uKristu adlula kuko ngenxa yethu na? Singasilandela kanjani isibonelo Sakhe, njengokusho kuka-1 Peter 1:21 na?

Ukuvuka KukaJesu

Funda u-1 Peter 1:3, 4, 21; 3:21, Johane 11:25, Philippians 3:10, 11; Sambulo 20:6. Zisikhomba kweliphi ithemba elikhulu, futhi kusho ukuthini kithina na?

Njengoba sesibonile, u-1 Petro ubhekiswe kulabo abahlupheka ngenxa yokholo lwabo kuJesu. Kufanelekile-ke, ukuthi kwasekuqaleni kwencwadi yakhe uPetro ubhekisa abafundi bencwadi ethembeni elibalindele. Njengoba esho, ithemba lomKristu lingeliphilayo, ngakho ngoba liyithemba elincike ovukweni lukaJesu (1 Pet. 1:3). Ngenxa yokuvuka kukaJesu, amaKristu angakwazi ukulindela ifa Ezulwini elingeke labhubha noma ligqwale (1 Pet. 1:4). Ngamanye amazwi, noma ngabe izinto zimbi kangakanani, cabanga ngalokho okusilindele uma konke sekudlulile. Nembala, ukuvuka kukaJesu kwabafileyo kuyisiqiniseko sokuthi nathi singavuswa (1 Kor. 15:20, 21). Nanjegoba uPawule esho, "futhi uma uKristu engavusiwe, ukholo lwenu luyize; nisesezonweni zenu" (1 Kor. 15:17). Kepha ngoba uJesu uvusiwe kwabafileyo, usibonisile ukuthi unamandla okunqoba ukufa imbala. NgalokhO-ke, ithemba lomKristu lithole isisekelo kwisigameko somlando wokuvuka kukaKristu. Ukuvuka Kwakhe yisisekelo sokwethu ekupheleni kwesikhathi. Besiyoba kuphi ngaphandle kwalelithemba nesithembiso na? Konke asenzele kona uKristu kuphelele esithembisweni sovuko. Ngaphandle kwaso, Themba lini esinalo, ikakhulu ngenxa yokuthi siyazi ukuthi ngokuphikisana nenkolo evamile yamaKristu, abafile basemathuneni balele na? "KumKristu, ukufa kungukulala, isikhathi sokuthula nobumnyama. Impilo icashe noKristu kuNkulunkulu, futhi 'uma uKristu, ongukuphila, eqhamuka, nani niyoqhamuka Naye enkazimulweni.' Johane 8:51, 52; Kol. 3:4. . . . Ekubuyeni Kwakhe kwesibili bonke abathandiweyo abafile bayakulizwa izwi Lakhe, futhi bayakuphumela empilweni ekhazimulayo yangunaphakade."—Ellen G. White, *The Desire of Ages,* p. 787.

Cabanga ngokungabi nakusa ngale kokufa. Kunesihluku kakhulu futhi. Kungani-ke, isithembiso sovuko sisemqoka okholweni lwethu nakukho konke esikholwa kuko nesinethemba lako na?

UJesu NjengoMesiya

Njengoba sibonile ekuqaleni, okunye okwaba semqoka emsebenzini kaJesu emhlabeni kwaba ngamhla, kumbuzo wokuthi Ungubani, uPetro ephendula ethi: " 'UnguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo' " (Mat. 16:16, NKJV). Igama elithi Kristu (Christos ngesiGriki) lichaza "ogcotshiweyo," "uMesiya"; ngesiHeberu lingu-mashiyach. Laqhamuka empandeni echaza "ukugcoba," futhi lalisetshenziswa kwizingqikithi ezahlukene KwiTestamente Elidala. (Kwenye indawo lasetshenziswa ukukhomba inkosi yabezizwe u-Cyrus[buka uIsa. 45:1].) Ngalokho-ke, uma uPetro ethi uJesu unguKristu, wayesebenzisa igama elanikeza okulindelekile Ezibhalweni zesiHeberu

Funda izindimana ezilandelayo KwiTestamente Elidala ezisebenzisa igama uMesiya noma ogcotshiweyo. Ingqikithi isifundisani ngokuthi lichazani na? Kusenokuba uPetro wayeyiqonda kanjani incazelo yalo lapho ebiza uJesu ngoMesiya na?

Hub. 2:2 _____

Hub. 18:50 _____

Dan. 9:25_____

1 Sam. 24:6_____

Isa. 45:1_____

Nakuba uPetro wayephefumulelwe nguJehova ukuba amemezele uJesu njengoMesiya (Mat. 16:16, 17), kusobala ukuthi wayengakuqondi ngokuphelele ukuthi kwakusho ukuthini. Wayengaqondi ukuthi uMesiya wayengubani ngempela, ukuthi kumele afezeni, futhi, mhlawumbe okusemqoka kakhulu, uzokufeza kanjani lokho. Kulokho kungaqondi, uPetro wayengeyedwa. Yayiminingi imiqondo kwaIsrayeli ngoMesiya. Ngokwako, ukusebenzisa igama uMesiya noma ogcotshiweyo kwizindimana ezingenhla akusinikezi umfanekiso ophelele, noma zikhomba ukuthi uMesiya wayegcina enzeni futhi abe ngubani.

UJohane 7:40 wembula okunye okwakulindelekile ngoMesiya: Wayezoba ngowozalo lukaDavide, edolobheni lase-Bethlehem (Isa.11:1-16, Mik. 5:2). Kulokho babeqinisile. Ekucabangeni okwakuvamile, nokho, uMesiya ongowozalo lukaDavide wayezokwenza lokho okwenziwe nguDavide: anqobe izitha zamaJuda. Okwakungalindelekile kwakunguMesiya ozobethelwa ngamaRoma. Nembala, ngesikhathi ebhala incwadi yakhe, uPetro wayesemqonda kahle uJesu njengoMesiya (ubizwa ngoJesu Kristu izikhathi ezingu-15 ku-1 no-2 Petro) kanye nakho konke ayezokufezela isintu.

UJesu, UMesiya OnguNkulunkulu

UPetro wayengazi kuphela ukuthi uJesu wayenguMesiya kodwa ukuthi wayenguJehova, futhi. Okungukuthi, ngelesisikhathi salezizincwadi, uPetro wayazi ukuthi uMesiya wayenguNkulunkulu ngoKwakhe. Nakuba isibizo esithi "Nkosi" singaba nencazelo yezwe, lelitemu lingakhomba ngokucacile kubunkulunkulu. Ku-1 Petro 1:3 no-2 Petro 1:8, 14, 16, uPetro ubhekisa kuJesu, uMesiya, uKristu, njengeNkosi, uNkulunkulu ngoKwakhe. Njengabanye ababhali beTestamente Elisha, uPetro uchaza ubudlelwane phakathi kukaJesu noNkulunkulu ngamazwi uYise neNdodana. Ngokwesibonelo, "Makabusiswe uNkulunkulu uYise weNkosi yethu uJesu Kristu" (1 Pet. 1:3, NKJV; qhathanisa no-2 Pet. 1:17). UJesu uchazwa njengeNdodana ethandiweyo (2 Pet. 1:17), futhi elinye igunya likaJesu njengeNkosi, kanye nezinga Lakhe lasezulwini, kuvela kulobu budlelwane obukhethekile anabo noNkulunkulu uYise.

Funda u-2 Peter 1:1, Johane 1:1, no Johane 20:28. Zisitshelani ngobunkulunkulu bukaJesu na?

U-2 Petro 1:1 uthi, "uNkulunkulu wethu noMsindisi uJesu Kristu" (NKJV). NgesiGriki sokuqala, isichazi "ungu" sisetshenziswe kuNkulunkulu noMsindisi. Ngokwenkulumo lokhu kusho ukuthi bobabili "uNkulunkulu" no "Msindisi" asetshenziswe kuJesu. U-2 Petro 1:1, ke, uvela njengenkomba ecacile KwiTestamente Elisha yobunkulunkulu obuphelele bukaJesu. Njengoba amaKristu okuqala ayelwa nokuqonda uJesu, kancane, kancane ahlanganisa ubufakazi beTestamente Elisha ndawonye. Ezibhalweni zikaPetro, uYise, iNdodana, kanye noMoya oNgcwele bevela ngokwehlukana (ngokwesibonelo, uYise/Ndodana: 1 Pet. 1:3, 2 Pet.1 :17; uMoya oNgcwele: 1 Pet. 1:12, 2 Pet 1:21), Njengalokhu bevela kulo lonke iTestamente Elisha. Kepha, kusenjalo, uJesu uvezwa engunkulunkulu ngokugcwele, njengoMoya oNgcwele. Ngokuhamba kwesikhathi, ngemuva kwezingxoxo eziningi, ibandla lathuthukisa imfundiso yoButhathu ukuchaza imfihlakalo yobunkulunkulu. Ama-Seventh-day Adventist afaka imfundiso yoButhathu njengenye yezinkolo zawo eziyisekelo ezingu-28. Ngalokho-ke, sibona kuPetro incazelo ecacile kaJesu engeyena nje uMesiya kuphela kepha enguNkulunkulu ngoKwakhe.

Uma ucabanga ngempilo nokufa kukaJesu bese ubona ukuthi wayenguNkulunkulu, lokho kukutshelani ngoNkulunkulu esimkhonzayo futhi nokuthi kungani kumele simthande futhi simethembe na? Woza nempendulo yakho eklasini NgeSabatha.

_____

_____

Cabanga Kabanzi:

“Kubukeka kuhlelekile ukuqala ngo ‘Mesiya,’ njengoba ibandla lamaKristu lithole igama lalo kwelesiGriki igama elithi Chirstos, ‘Ogcotshiweyo.” Igama lesiHebru lihambisana nomkhululi owayelindelwe ngamaJuda futhi owayezoba yisithunywa sikaNkulunkulu ekungeniseni isikhathi esisha sabantu bakaNkulunkulu. Omabili amagama esiHeberu nesiGriki aqhamuka egameni elichaza ‘ukugcoba.’ Ngokusobala, ngokumbiza ‘Kristu,’ ababhali beTestamente Elisha ayemthatha uJesu njengobekelwe eceleni ukufeza umsebenzi okhethekileyo. “Isihloko esithi ¬Christos siqhamuka izikhathi ezevile ku-500 kwiTestamente Elisha. Nakuba wawungemunye umqondo wobuMesiya kwababephila noJesu, kwamukelwa ngokuvamile ukuthi amaJuda akuqala ayebuka uMesiya njengothile owayenobudlelwane obukhethekile noNkulunkulu. Wayezongenisa isikhathi esisha, lapho kusekwa umbuso kaNkulunkulu. Kwakuzothi ngaye uNkulunkulu wayezoletha inkululeko emlandweni wabantu Bakhe. UJesu wasamukela Isihloko esithi ‘Mesiya,’ kodwa akangakukhuthaza ukusetshenziswa kwaso; ngokuba lesisihloko sasinomuzwa wezepoliiki okwakwenza ukusetshenziswa kwaso kube lukhuni. Nakuba emanqika ukuba aziveze emphakathini ukuchaza umsebenzi Wakhe, uJesu akazange akhuze uPetro (Mat. 16:16, 17) nomama waseSamariya (Johane 4:25, 26) ngokulisebenzisa. Wayezazi Yena ukuthi unguMesiya, njengoba sibona kumbiko kaMarko wamazwi kaJesu omayelana nokunika omunye wabafundi Bakhe indebe yamanzi ‘ngoba unegama likaKristu’ (Marko 9:41).”—*The SDA Bible Commentary*, vol. 12, p. 165.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Funda uIsaya 53:1-12. Ngokwalezizindimana, yini asenzele yona uJesu na? Bhala phansi izinto eziphathekayo asenzele zona. Yiziphi izindlela esingabona ngazo ngokucacile kulezizindimana umqondo kaJesu njengothatha indawo yethu na? Kungani simdinga ethathe indawo yethu na?

2. Kuwo wonke umlando, abathile basebenzise izithembiso zeBhayibheli zempilo ngale kokufa ukugcina abanye becindezelekile. Yebo kulukhuni empilweni yakho njengamanje, kepha Gxila kulokho uNkulunkulu asithembise kona Ekubuyeni kukaJesu. Ngenxa yokuphathwa budedengu kwaleliqiniso elifundiswa Ezwini likaNkulunkulu, iningi lilahla umqondo wobuKristu wempilo ngale kokufa; kunalokho, bawubuka njengeqhinga labathile lokucindezela abanye. Ungasiphendula kanjani lesisimangalo na?

3. Eklasini, buyekezani izimpendulo zenu zombuzo wangoLwesine omayelana nobunkulunkulu bukaKristu nangalokhu okusitshela kona ngoNkulunkulu. Kungani ubunkulunkulu kanye nalokho okukwembulayo ngoNkulunkulu kuyizindaba ezinhle na?

Notes